Tshiamiso TRUST

INQUBO YEZINYATHELO EZIYI-8 ZOKUFAKA ISICELO SOKUKHOKHELWA

I-Tshiamiso Trust yasungulelwa ukukhokhela abaqokelwa ukuthi bahlomule babavukuzi abasasebenza njengamanje nalabo ababesebenza phambilini kunoma eyiphi imayini ezimayini zegolide ezingama-82 ezikululu hlelo ababesebenza phakathi kuka-12 March 1965 kanye no-10 December 2019, futhi abatholakala bane-silicosis noma Isifo Sesifuba ngenxa yomsebenzi wabo.

Le inqubo yesinyathelo ngesinyathelo sekuthi ungasifaka kanjani isicelo sokukhokhelwa umhlomulo.

Isinyathelo 1

BHEKA IMININGWANE

- Bheka ukuthi ufanelwe yini ukufaka isicelo:
  - https://www.tshiamisotrust.com/status-check/
  - shayela i-call centre ucingo: 080 1000 240
- Uma kungenzeka ukuthi isicelo sakho singesifanele uzobe usulayelwa ukuthi sithini isinyathelo esilandelayo.

Isikhwama Semali Esisiwe sizoba nezindlela zokuhlunga abafaka izicelo zokukhokhelwa ukuze kugwenywe ukukhwabanisa.

OKUBALULEKILE:
Uma kungenzeka, zama ukuqinisekisa ukuthi uwena ozibhekelayo kunokuthi ucele omunye umuntu ukuthi akwenzele.

Isinyathelo 2

HLELELA ISIKHATHI SOKUBONWA

- Ukuze uhlelele isikhathi sokubonwa sokuvakashela ihhovisi eliseduze nawe le-Tshiamiso lapho kufakwa khona izicelo shayela inombolo yase-call centre. Amahhovisi akwa-TEBA anga ngo-56 emazweni amahlanu azohlelelwa ukusiza ngokuphathelene nokufakwa kwezicelo Esikhwameni Semali Esisiwe.
- Izinombolo ze-Call centre:
  - eNingizimu Afrika – 0801 000 240
  - Ngaphandle kweNingizimu Afrika: 00 27 10 500 6186 (Ngicela uqaphele: uma ushayela le nombolo kuzozwakala sengathi inombolo imatasa futhi ucingo luzobe luyeka. Uma ucingo luyekile uzophinda ushayelwe ngemizuzwana embalwa elandelayo futhi uzoxhunywa esikhungweni sezingcingo.)

OKUBALULEKILE:
Ngenxa yengozi ephathelene ne-COVID-19 sicela ungayi emahhovisi akwa-TEBA ngaphandle kokuhlelela isikhathi sokubonwa ngokushayela i-call centre. Ukuhlelela isikhathi sokubonwa kuqinisekisa ukuthi abasebenzi bayakwazi ukukubona.

Isinyathelo 3

YINI OKUMELE UZE NAYO EKUHLELELWENI KWAKHO UKUBONWA

- Umazisi osemthethweni noma ipasipoti
- Amarekhodi aphathelene nokusebenza kwakho emayini owawusebenza kuyo
- Nanoma yimaphi amarekhodi ezempilo akhona

Uma ungowayethembele kumvukuzi osewashona uzodinga:

- Umazisi wakho osemthethweni noma ipasipoti
- Umazisi noma ipasipoti yomvukuzi osewashona
- Amarekhodi aphathelene nokusebenza komvukuzi osewashona emayini ayesebenza kuyo
- Isitifiketi sokufakazela ukushona somvukuzi owashona kanye, uma ukhona, nombiko wokuhlolwa kwesidumbu
- Nanoma yimaphi amarekhodi ezempilo atholakalayo omvukuzi osewashona

Qinisekisa ukuthi uza nawo wonke amadokhumenti ukuze ugweme ukuthi uhlelele okunye ukubonwa ukuze ulethe amadokhumenti ongezanga nawo.

Isikhwama Semali Esisiwe sizoba nezindlela zokuhlunga abafaka izicelo zokukhokhelwa ukuze kugwenywe ukukhwabanisa.

OKUBALULEKILE:
Uma ungenawo amanye amadokhumenti ashiwo ngenhla i-Tshiamiso izokwenza okusemandleni ayo ukusiza ukuwathola.

Isinyathelo 4

UKUHLOLWA KWEZEMPILO NGOKUPHATHELENE NOMHLOMULO

Uma kunesidingo, Isikhwama Semali Esisiwe sizokusiza ukuthi uhlelelwe ukubonwa ngokuphathelene nokuhlolwa kwezempilo okuphathelene izinkokhelo.

Isikhwama Semali Esisiwe sizoba nezindlela zokuhlunga abafaka izicelo zokukhokhelwa ukuze kugwenywe ukukhwabanisa.

OKUBALULEKILE:
Isikhwama Semali Esisiwe sizokutshela ukuthi uye kumuphi umtholampilo ukuze uyohlolwa. Siza ube nesineke. Kungenzeka kube nesikhathi okumele usilinde ngenxa ngenxa yokugcwala kwezibhedlela.

Isinyathelo 5

UKUBUKEZWA KWAMADOKHUMENTI YIPHANELI YOKUGUNYAZA ISITIFIKETI SEZEMPILO (MEDICAL CERTIFICATION PANEL) YE-TSHIAMISO

Wonke amadokhumenti akho azobukezwa yiPhaneli Yokugunyaza Isitifiketi Sezempilo (Medical Certification Panel) ye-Tshiamiso. Izokhipha Isitifiketi Sokutholakele Ngokuphathelene Nezempilo.

- Kungacelwa ukuthi kubuyekezwe isinqumo sephaneli kungekadluli izinsuku ezingama-30.

OKUBALULEKILE:
Uma kutholakala ukuthi isifo onaso asingeni kulesi sinxephezelo, ngeke ufanele ukuthi ukhokhelwe imali yesinxephezelo Yisikhwama Semali Esisiwe seTshiamiso.

Isinyathelo 6

UKUBUYEKEZA KWEKOMIDI LOKUGUNYAZA LESIKHWAMA SEMALI ESISIWE

Uma utholakale unesifo ekumele sikhokhelwe isinxephezelo ngaphansi Kwesinyathelo sesihlanu (5), wonke amadokhumenti akho azobuyekezwa Yikomidi Lokugunyaza Lesikhwama Semali Esisiwe.

Bazonquma ukuthi basigunyaze yini isicelo sokukhokhelwa. Isinqumo esikhomba ukuthi akuhambanga kahle singabukezwa kungekadluli izinsuku ezingama-30.

OKUBALULEKILE:
Uma konke kuhambe kahle, ikomiti lizokhipha Isitifiketi sokugcina ngemva kokuba sekuphothulwe Isinyathelo sesikhombisa (7).

Isinyathelo 7

UKUBUKEZA KWAMA-AGENT AMELE IZINKAMPANI EZISUNGULILE

Uma ukubukeza Kwekomidi Lokugunyaza Lesikhwama Semali Esisiwe kuhambe kahle, i-agent emele izinkampani ezisungulile kumele iqinisekise ukuthi iphelele imininingwane yesikhathi sokusebenza esihlinzekiwe.

OKUBALULEKILE:
Uma lesi sinyathelo sesiqedile lapho ikomidi lesitifiketi lizokhipha isitifiketi sokugcina.

Isinyathelo 8

UKUVUNYWA KWESICELO KANYE NOKUKHOKHELWA

Njengoba wonke amadokhumenti akho esebukeziwe futhi avunywa, Isikhwama Semali Esisiwe sizoqinisekisa imininingwane yakho yasebhange bese sikhokha imali e-akhawuntini yakho yasebhange.

OKUBALULEKILE:
Isikhwama Semali Esisiwe sizophinde sikuhlinzeke ngokukweluleka ngezezimali.

Akekho omunye, ikakhulukazi abantu abacela ukuthi ubakhokhele ukuze bakusize, ozokwazi ukwenza ukuthi le nqubo isheshe kuwe.

Ungalokothi unikeze amadokhumenti kanye nemininingwane yoqobo kunoma ubani. Sicela ugcine lokhu kuphephile.